# IMIKHOSHOSHO NOKWELUTHA

Kufanele uqwashe wazi ngomkhoshosho wama-imeyili, ngakho-ke sesenze isikhala kusizindalwazi sethu lapho sikugcina wazi ngezakamuva mayelana nale mikhoshosho uma sesizwile ngayo. Ngokufanayo sithanda ukuthi nawe usitshele ngama-imeyili ocabanga ukuthi angumkhoshosho noma awokukulutha. Ukubika noma ukuthola eminye imininingwane ngokulutha, sicela usithumelele i-imeyili ku-phishing@sars.gov.za noma ushayele uphiko olubhekana nokuKhwabanisa nokulwisana nobuGebengu kule nombolo 0800 00 2870.

Umphakathi uvamise ukuthola ama-imeyili obuqola enziwe sengathi athunyelwe ngu-SARS, kepha empeleni awumkhonyovu ahlose ukuheha umkhokhintela ongazi lutho ukuze adedele imininingwane ngaye njengemininingwane yasebhange. Izibonelo zibandakanya ama-imeyili avele ku-returns@sars.co.za noma ku-refunds@sars.co.za aveza ukuthi umkhokhintela kufanele abuyiselwe imali. La ma-imeyili anamakhongco akuholela kumafomu mbumbulu akhiwa yizizindalwazi mbumbulu  enziwe abukeka sengathi “awangempela”, kepha inhloso kusuke kungukulutha abantu ukuba bafake imininingwane yabo egcinwa ithathe yizigebengu bese ziyisebenzisa ekukhwabaniseni.

Sicela uqaphele ukuthi lokhu kuyimikhoshosho futhi abakhokhintela bakwa-SARS kufanele bazi lokhu okulandelayo:

- Ungavuli noma uphendule ama-imeyili avela la ungazi khona
- Qaphela ama-imeyili akubuza imininingwane ngawe, ngentela, ngemininingwane yasebhange kanye neye-eFiling (okokungena, igamamfihlo, inombolomfihlo, amakhadi asebhange credit/debit, njll).
- U-SARS akasoze akucele imininingwane yakho yasebhange ngezincwadi ozithola ngeposi, ngombikombani (i-imeyili) noma nge-SMS. Ngakho-ke, ekuxhumaneni ngocingo kanye nokuqinisekisa, u-SARS uzoqinisekisa imininingwane yakho. Okusemqoka, ukuthi u-SARS angeke akuthumele amakhongco akuxhumela kwezinye izizindalwazi - ngisho nalezo zasebhange.
- Qaphela ama-sms omgunyathi.
- U-SARS akakuthumeli okokujobelela okungamadokhumenti e-*.htm noma *.html.
- U-SARS angeke akucele imininingwane yakho ye-credit card.

Isungqangi: Ukuze osebenza ngentela akuhlawulise ngomsebenzi noma ngosizo akunike lona, kumele kube ukuthi babhalisile. Ungabheka kwa-SARS nakubhodi elilawulayo i-Recognised Controlling Body (i-RCB) ukuthi lowo oSebenza ngeNtela ubhalisile noma cha.